## ISIQEPHU A: UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA IZINDABA

## QAPHELA:

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhrikhi uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-3, ISIQEPHU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–50 ahlukaniswe ngamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho okuqukethwe, ulimi & isitayela, inkomba ngayinye kumazinga amahlanu ihlukaniswe izingxenye ezimbili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunengxenye engenhla kanye nengezansi.
- Isakhiwo sona asithinteki ekuhlukaniseni ngokwezingxenye. Ayikho ingxenye engenhla noma engezansi.

## ISIQEPHU A: AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI: ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-50]

| Okungabonwa ngakho | | Okungavamile | Okunekhono | Okusendimeni | Okuqalisayo | Okunganelisi |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE NOKUHLELA**<br><br>**(**Izimpendulo kanye nemibono)<br>Ukudidiyelwa kwemibono ngenhloso yokuhlela<br>Ukuqonda inhloso, izethameli kanye nesimo<br><br>**AMAMAKI ANGAMA-30** | | **28–30** | **22–24** | **16–18** | **10–12** | **4–6** |
| | **Ingxenye engenhla** | -Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile<br>-Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekhombisa ukuvuthwa komqondo<br>-Ihleleke ngobunyoninco kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | -Impendulo yakheke kahle<br>-Imibono eshaya emhlolweni nehlabahlosile enokuvuthwa komqondo<br>-Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | -Impendulo eyanelisayo<br>-Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhlolweni<br>-Ihleleke ngokusendimeni kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | -Impendulo ikhombisa ukungahlangani<br>-Imibono engacacile nokungeyona eyokuzisungulela<br>-Kukhona okukhombisa ukuhlela okuncane nokulandelana | -Impendulo enhlanhlathayo<br>-Imibono edidayo nenganembi<br>-Akuzwakali, kunokuphindaphinda<br>-Akukho ukuhlela kanye nokulandelana |
| | | **25–27** | **19–21** | **13–15** | **7–9** | **0–3** |
| | **Ingxenye engezansi** | -Impendulo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi enembayo<br>-Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipha<br>-Ikhombisa ikhono lokuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | -Impendulo yakheke kahle<br>-Imibono ehambisanayo nendaba nehlabahlosile<br>-Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | -Impendulo enembayo kodwa intula ukucacisa<br>-Imibono iyalandelana ngokusendimeni futhi iyamukeleka<br>-Kukhona okukhomba ukuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | -Impendulo engashayi emhlolweni<br>-Imibono ithanda ukuba nhlakanhlaka futhi iyadida<br>-Ukuhlela kanye nokulandelana akukho | -Ayikho imizamo ekhombisa ukuphendula ngesihloko<br>-Akuhambisani nesihloko futhi akufanelene<br>-Akuqondene nesihloko futhi kuphithene |

## AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI: ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-50] (kuyaqhubeka)

| Okungabonwa ngakho | | Okungavamile | Okunekhono | Okusendimeni | Okuqalisayo | Okunganelisi |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **ULIMI, ISITAYELA & UKULUNGISA AMAPHUTHA**<br><br>Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama luyahambisana nenhloso/umthelela kanye nesimo<br>Ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo, isipelingi<br><br>**AMAMAKI AYI-15** | **Ingxenye engenhla** | **14–15**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu<br>-Ithoni ekhomba ukuphoqa kanye namasu obuciko obunembayo<br>-Akunamaphutha nhlobo ohlelweni kanye nesipelingi<br>-Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba | **11–12**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ulimi lufanelekile kanye nokusetshenziswa kwethoni ngendlela efanelekile<br>-Kukhombisa ukungabi namaphutha amaningi ohlelweni kanye nesipelingi<br>-Ibumbeke kahle kakhulu | **8–9**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo<br>-Ithoni ifanelekile<br>-Kusetshenziswe amasu obuciko ukukhulisa okuqukethwe | **5–6**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokungagculisi nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo akugculisi<br>-Ithoni nephimbo akugculisi<br>-Kusetshenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukethwe | **0–3**<br>-Ulimi aluqondakali<br>-Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama aluhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda |
| | **Ingxenye engezansi** | **13**<br>-Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu<br>-Akunamaphutha ohlelweni kanye nesipelingi<br>-Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba | **10**<br>-Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile<br>-Ithoni iyahambisana futhi ifanelekile<br>-Kunamaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi<br>-Ibumbeke kahle | **7**<br>-Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa<br>-Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo | **4**<br>-Ukusetshenziswa kolimi okungekho endimeni<br>-Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho<br>-Ulwazimagama olunomkhawulo | |
| **ISAKHIWO**<br>Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho<br><br>**AMAMAKI AYISI-5** | | **5**<br>-Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo<br>-Ukucacisa okunembayo<br>-Imisho, izigaba kwakheke kahle kakhulu | **4**<br>-Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba<br>-Ukulandelana<br>-Imisho, izigaba kuyalandelana futhi kuxubile | **3**<br>-Ukuthuthuka kwendaba okulindelekile<br>-Imisho, izigaba kwakheke kahle<br>-I-eseyi isenawo umqondo | **2**<br>-Amaphuzu ambalwa azwakalayo<br>-Imisho kanye nezigaba kunamaphutha<br>-I-eseyi isenawo umqondo noma inamaphutha | **0–1**<br>-Amaphuzu awatholakali<br>-Imisho kanye nezigaba kunamaphutha<br>-I-eseyi ayinamqondo |

**Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:**

- Q: Okuqukethwe
- Sk: Isakhiwo
- L: Ulimi
- St: Isitayela
- Pt: Amaphutha
- Hl: Ukuhlela

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:**

- QHl = 30
- LSP = 15 (8+4+3)
- Sk = 05

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:**

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.
PH – uphawu lokubhala olungamukelekile.
L – (dwebela)- ulimi olungamukelekile.
// – khombisa isigaba esisha.
NK – inkathi engamukelekile.
GL – amagama awalandelani ngokufanele.
R – irejista.
KM – akwenzi umqondo.
ISIV. – isivumelwano esingavumelani.
AK – akudingekile.
^ – kunegama elingekho.
GN – igama elingcono.
/ – ukwehlukanisa amagama
( ) – ukuhlanganisa amagama
Pp – ukuphindaphinda amagama

**OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)**

- Isingeniso: Siyaheha, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba.

- Umzimba:
  (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
  (ii) Izigaba zihleleke kahle/umqondo osekelayo.
  (iii) Umbhalo nombhalo mawuhambelane nenkathi okumele ubhalwe ngayo.

- Isiphetho:
  (i) Siyisigaba esisodwa.
  (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
  (iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa

## OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)

1.1 **Okwangenza ngazizwa ngiziqhenya ngalolu suku.**

- Elandisayo.

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Makubhalwe ngenkathi edlule.
- Yini owaziqhenya ngayo?
- Sizathu sini esenza uziqhenye ngale nto?
- Yakusiza kanjani noma yamsiza kanjani omunye umuntu?
- Okuqukethwe makugxile kulokho okwenzeka ngalolu suku.

(Nokunye okuhambisana nesihloko.) **[50]**

1.2 **Imfashini.**

- Echazayo.

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Kungaba inkathi exubile.
- Yini imfashini?
- Izinhlobo zemfashini.
- Ukubiza kwayo ezitolo.
- Ubungozi bokuthanda imfashini.

(Nokunye okuhambisana nesihloko.) **[50]**

1.3 **Ngazisiza ngokulalela abazali bami.**

- Eningayo

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Kungaba yinkathi exubile.
- Kwakwenzenjani?
- Yini lena eyashiwo abazali bakho?
- Kwakusiza kanjani?
- Ukuba awubalalelanga iyiphi inkinga owawungase ungene kuyona?
- Izeluleko ongazidlulisela kwabanye.

(Nokunye okuhambisana nesihloko.) **[50]**

1.4 **Ubuhle nobubi bokufundisa ingane yesikole ukushayela imoto.**

- Eqhathanisayo.

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Kungaba inkathi exubile.

**Ubuhle:**
- Kuyamsiza umzali ekhaya uma exakekile.
- Kuyivulela amathuba emisebenzi.
- Kuyasiza ukuthi ikwazi ukuzimela.
- Kulula ukufunda ukushayela usemncane.

**Ububi:**
- Kungamphazamisa ezifundweni.
- Kungamfaka esilingweni sokweba imoto.
- Kungafaka abazali enkingeni uma enza ingozi.
- Kungamdonsela abangani abangalungile.

(Nokunye okuhambisana nesihloko.) **[50]**

1.5 **Onogada bagcina izikole ziphephile. Uyavumelana yini nalesi sihloko?**

- Edaza Inkani

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Kungaba inkathi exubile.
- Makucace esingenisweni ukuthi uyavumelana noma uyaphikisana nesihloko.

**Amaphuzu avumelana nesihloko:**
- Bavikela othisha nabafundi ngesikhathi sesikole.
- Bavikela impahla yesikole.
- Bavikela izakhiwo zesikole.
- Bagcina amarekhodi abantu abangena esikoleni.

**Amaphuzu angavumelani nesihloko**
- Abanye abaqeqeshiwe ngokwanele.
- Abanye abathembekile, bagcina sebesebenzisana nezigebengu.
- Bayalala ngesikhathi somsebenzi.
- Balekelela izingane ekungeniseni izidakamizwa.

(Nokunye okuhambisana nesihloko.) **[50]**

1.6 1.6.1 **Isithombe**

**Nikeza indaba isihloko esiyifanele.**

Izihloko ziyokwehluka:

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Kungaba yinkathi edlule.
- Ukubhala amaphuzu ahambisana nesihloko.
- Ungaphumi kokuqukethwe isithombe.
- Isizathu sokukhumbula ebusheni bami.
- Impilo engangiyiphila:
  - Nomndeni
  - Nabangani
  - Amathuba engawathola.
- Ukuqhathanisa impilo yamanje neyakudala.

**QAPHELA**: Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi. **[50]**

1.6.2 **Isithombe**

**Nikeza indaba isihloko esiyifanele.**

Izihloko ziyokwehluka:

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Kungaba yinkathi exubile.
- Ukubhala amaphuzu ahambisana nesihloko.
- Ungaphumi kokuqukethwe isithombe.
- Uhlobo lwenja enolaka.
- Ubungozi bayo.
  - Ukuluma abantu.
  - Ukukuxabanisa nomphakathi.
  - Ukuba nekhaya elesatshwayo/ eliphephile.
  - Ukuluma amalunga omndeni.
  - Ukwandisa izifo eziyingozi.
  - Ukubulala abantu nezinye izilwane.
- Umbono ngalolu hlobo lwenja.

**QAPHELA**: Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi **[50]**

1.6.3 **Isithombe**

**Nikeza indaba isihloko esiyifanele.**

Izihloko ziyokwehluka:

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Kungaba yinkathi exubile.
- Ukwethula uDokotela Nelson Mandela esingenisweni.
- Ubudlelwane bakhe nezingane.
- Iqhaza alibamba ekuthuthukiseni imfundo.
- Ukwakha ukubumbana phakathi kwezinhlanga ezahlukene.
- Ukuletha ukuthula eNingizimu Afrika.

**QAPHELA**: Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi. **[50]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

## ISIQEPHU B: AMARUBHRIKI OKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO: ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-30]

| Okungabonwa ngakho | Okungavamile | Okunekhono | Okusendimeni | Okuqalisayo | Okunganelisi |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE, UKUHLELA NESAKHIWO**<br><br>Impendulo kanye nemibono Ukudidiyelwa kwemibono ngenhloso yokuhlela Inhloso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo<br><br>**AMAMAKI AYI-18** | **15–18**<br>-Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile<br>-Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo<br>-Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Umbhalo unamathele esihlokweni<br>-Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana<br>-Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko<br>-Isakhiwo esifanele nesicacile | **11–14**<br>-Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Inamathele esihlokweni<br>-Akukho ukunhlanhlatha<br>-Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko<br>-Isakhiwo esifanele esinamaphushana | **8–10**<br>-Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Ayinamathele kahle esihlokweni<br>-Kunokunhlanhlatha okuncane.<br>-Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile<br>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko<br>-Isakhiwo esifanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa | **5–7**<br>-Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Ukunamathela esihlokweni kuyabonakala kodwa kunokunhlanhlatha<br>-Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali<br>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko<br>-Usebenzise ngokunganele imithetho yesakhiwo<br>-Kukhona okumbalwa okubalulekile | **0–4**<br>-Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Umqondo ufiphele ngenxa yokunhlanhlatha okukhulu.<br>-Imibono ayilandelani nhlobo<br>-Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko<br>-Akasebenzisanga nhlobo imithetho yesakhiwo |
| **ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA**<br><br>Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso Ukukhethwa kwamagama Izimpawu zokuloba kanye nesipelingi<br>**AMAMAKI AYI-12** | **10–12**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu<br>-Akunamaphutha nhlobo. | **8–9**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle<br>-Ulwazimagama oluhle kakhulu<br>-Akunamaphutha amaningi | **6–7**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Kunamaphutha ambalwa ohlelo<br>-Ulwazimagama olwanele<br>-Amaphutha awawuphazamisi umqondo. | **4–5**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi<br>-Ulwazimagama olunganele<br>-Umqondo ufiphele. | **0–3**<br>-Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Kugcwele amaphutha futhi kuyadida<br>-Ulwazimagama aluhambisani nenhloso<br>-Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu |

**Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:**

- Q: Okuqukethwe
- Sk: Isakhiwo
- L: Ulimi
- St: Isitayela
- Pt: Amaphutha

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:**

- QSk = 18
- LSP = 12 (7+3+2)

**OKULINDELEKILE:**

2.1 **INCWADI YOBUNGANI**

- Ikheli lobhalayo esandleni sokudla elihambisana nosuku, Isib. (14 kuLwezi 2018/14 Novemba 2018).
- Obhalelwayo makabingelelwe ngolimi olujwayelekile: Isib. Mkhulu noma athakazelwe, isib. Khabazela.
- **Isingeniso**: Isigaba sokuqala esifishane, umfundi akakhombise ukuthi bayazana nalo ambhalelayo.
- **Umzimba**: Isigaba sesibili, umfundi akabhale izizathu ezizokwenza ukuba angaphumeleli ukuyohlala nomkhulu.
  Isigaba sesithathu, umfundi akenabe ngalokhu abhale ngakho esigabeni sesibili.
- **Isiphetho**: Isigaba sokugcina esifishane, akakhonze abonge noma adlulise umyalezo.
- Isivaleliso masikhombise ubuhlobo: Yimina umzukulu wakho
  uSuraya
- Amagama awabe inani elifanele. **[30]**

2.2 **INCWADI YOKUZICHAZA (CV) KANYE NENCWADI EYISIPHELEKEZELO**
**Incwadi Yokuzichaza (CV):**

**Imininingwane eqondene nawe**:
- Isibongo, amagama akho aphelele, usuku lokuzalwa, inombolo kamazisi, ubulili, ubuzwe, izilimi ozikhulumayo, ikheli, inombolo yocingo/iselula nezincwadi zokushayela.

**Imininingwane eqondene nemfundo**:
- Isikole, ibanga, unyaka, izifundo, izitifiketi nokunye okuhambisana nemfundo.

**Imininingwane eqondene nomsebenzi:**
- Uhlobo lomsebenzi, indawo, isikhathi osisebenzile lapho, isipiliyoni nokunye okuhambisana nomsebenzi.

**Imininingwane ngofakazi**:
- Igama nesibongo, isikhundla, inombolo yocingo nokunye okuqondene nofakazi.
- Amagama awabe inani elifanele.

**Incwadi Eyisiphelekezelo (Covering Letter)**

- Ikheli lobhalayo alibe ngasesandleni sokudla lihamba nosuku, Isib. (3 kuNhlangulana 2017/3 Juni 2017).
- Ikheli lobhalelwayo alibe ngasesandleni sokunxele liqale ngesikhundla.
- Obhalelwayo makabingelelwe ngesizotha, Isib. Mnumzane/ Nkosazane.
- Qala ngomusho oyisihloko, udwetshelwe noma ubhalwe ngamagama amakhulu (ofeleba).
- Esigabeni sokuqala umfundi akabhale isizathu sokubhala incwadi.
- Esigabeni sesibili umfundi akacacise ukuthi imininingwane yonke isencwadini yokuzichaza.
- Isiphetho masibe sifishane sifingqe isicelo.
- Isivaleliso masikhombise isizotha: Yimina Ozithobayo
  u-Ayanda Ndlovu (Nksz.)
- Amagama awabe inani elifanele. **[30]**

## 2.3 INDATSHANA YEPHEPHANDABA

- Kumele kube nalezi zihlokwana ezilandelayo:
  - Usuku negama lephephandaba.
  - Isihloko esibhalwe ngokugqamile, sihehe.
  - Isitayela asehluke, sixoxe ngqo nofundayo.
  - Indatshana kumele iqubule isasasa.
  - Amaphuzu ahambisana nemibono yombhali.
  - Izinkinga zokuthenga ngokusebenzisa ubuchwepheshe bamanje.
  - Imiphumela yalesi senzo.
  - Imibono engasiza ukuxazulula lezi zinkinga.
  - Kungabuzwa imibuzo engadingi mpendulo (umbuzombumbulu).
- Akuvele igama lobhalile nendawo ahlala kuyo ekugcineni kwendatshana. Isibonelo: Ibhalwe nguNolwazi eNanda
- Amagama awabe inani elifanele. **[30]**

## 2.4 INKULUMO-MPENDULWANO

- Isingeniso/Isethulo.
- Ukusetshenziswa kwezimpawu ezifanele nolimi olukhululekile.
- Amagama abantu ababambe iqhaza ngasesandleni sokunxele.
- **Isingeniso:** Ukubingelelana komfundi nothisha okukhombisa ukumangala nokujabulelana.
- **Umzimba: -** Ukuxoxa ngomlando wempumelelo yomfundi.
  - Umfundi makanikeze uthisha usizo olukhethekile.
  - Uthisha makaqhubeke nokuthenga ifenisha.
  - Inkulumo yabo mayikhombise ukuthi uthisha uyaziqhenya ngaye.
  - Makuvele izinto ezahlukene ezingahle zilethe ukumangala kuthisha.

- **Isiphetho:** Masicacise ukuthi uthisha uyaqhubeka nokuthenga ifenisha. Ukuvalelisa.

Amagama awabe inani elifanele. **[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## ISIQEPHU C: AMARUBHRIKI OKUHLOLA UMBHALO OMFISHANE ODLULISA UMYALEZO: ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-20]

| Okungabonwa ngakho | Okungavamile | Okunekhono | Okusendimeni | Okuqalisayo | Okunganelisi |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE, UKUHLELA NESAKHIWO**<br><br>Impendulo nemibono<br>Ukudidiyelwa kwemibono ngenhloso yokuhlela<br>Izimpawu/Izimiso kanye nesimo<br><br>**AMAMAKI AYI-12** | **10–12**<br>-Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile<br>-Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo<br>-Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Umbhalo unamathele esihlokweni<br>-Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana<br>-Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko<br>-Isakhiwo esifanele nesicacile | **8–9**<br>-Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Inamathele esihlokweni<br>-Akukho ukunhlanhlatha<br>-Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko<br>-Isakhiwo esifanele esinamaphushana | **6–7**<br>-Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Ayinamathele kahle esihlokweni<br>-Kunokunhlanhlatha okuncane<br>-Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile<br>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko<br>-Isakhiwo esifanelekile kodwa esinamaphutha ambalwa | **4–5**<br>-Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunokunhlanhlatha<br>-Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali<br>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko<br>-Usebenzise imithetho yesakhiwo ngokungafanele<br>-Kukhona okumbalwa okubalulekile | **0–3**<br>-Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Umqondo ufiphele ngenxa yokunhlanhlatha okukhulu<br>-Imibono ayilandelani nhlobo<br>-Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko<br>-Akasebenzisanga nhlobo imithetho yesakhiwo |
| **ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA**<br><br>Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo<br>Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso<br>Ukukhethwa kwamagama izimpawu zokuloba kanye nesipelingi<br><br>**AMAMAKI AYISI-8** | **7–8**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu<br>-Akunamaphutha nhlobo | **5–6**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle<br>-Ulwazimagama oluhle<br>-Akunamaphutha amaningi. | **4**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Kunamaphutha ambalwa<br>-Ulwazimagama olusendimeni<br>-Amaphutha awawuphazamisi umqondo | **3**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi<br>-Ulwazimagama olunganele<br>-Umqondo ufiphele | **0–2**<br>-Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Kugcwele amaphutha futhi kuyadida<br>-Ulwazimagama aluhambisani nenhloso<br>-Umqondo awucacile neze |

**Amakhodi okuqopha amamaki kulesi sigaba:**

- Q: Okuqukethwe
- Sk: Isakhiwo
- L: Ulimi
- St: Isitayela
- Pt: Amaphutha

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:**

- QSk = 12
- LSP = 08 (4+2+2)

**OKULINDELEKILE:**

3.1 **IPHOSTA**

- Isihloko sokukhangiswayo masigqame.
- Sebenzisa amafonti axubile (izindlela zokubhala ezahlukene).
- Sebenzisa ulimi oluzoheha abafundi.
- Imininingwane elindelekile:
  - indawo.
  - isikhathi.
  - amanani.
  - izinombolo zocingo/umakhalekhukhwini.
- Amagama awabe inani elifanele. **[20]**

3.2 **IPHOSIKHADI**

- Ikheli lobhalelwayo.
- Isitembu saseposini.
- Usuku nendawo lapho livela khona.
- Ukubingelela: Isib. Mnumzane/Nkosikazi/Nkosazane.
- Okuqukethwe makuhambisane nenhloso yokubhala iphoskhadi.
- Ukuvalelisa makuhambisane nokwazana kobhalayo nobhalelwayo.
- Amagama awabe inani elifanele. **[20]**

3.3 **IMIYALELO: IRESIPHI**
**Iresiphi yekhekhe elikhulu.**
**Izithako:**

- 500g/izinkomishi ezi-2 zikafulawa.
- 250ml ubisi/inkomishi eyodwa.
- I-¼ ithisipuni likasawoti/ncinza kancane usawoti.
- 250g ibhotela/inkomishi yebhotela.
- 125g ushukela/ikota yenkomishi kashukela.
- 10ml i-vanilla essence/isipuni esisodwa se-vanilla essence.
- U-½ wedazini lamaqanda/uhhafu wedazini lamaqanda/amaqanda ayisi-6.

**Indlela yokwenza:**

- Shisisa uhhavini ube sezingeni elingama-200.
- Faka ibhotela noshukela endishini bese ukuhlanganisa kuze kuthambe.
- Faka amaqanda, i-vanilla nosawoti kulokhu okuhlanganise endishini bese ukugoqoza ndawonye.
- Faka ufulawa kukho konke lokhu osukuhlanganise ndawonye endishini ulandelise ngobisi.
- Hlanganisa zonke izithako zize zithambe.
- Gcoba ipani lokubhaka ngebhotela bese ufaka konke osukuhlanganisile.
- Faka ipani elinenhlama (izithako ezihlanganisiwe) kuhhavini imizuzu engama-20.
  **Umbono**: Leli khekhe linganela abantu abayi-10. Ungalidla nesiphuzo esishisayo noma esibandayo.

• Amagama awabe inani elifanele. **[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**